ISOLEZWE (Gauteng)
13 Sep 2013, p.25

# Wenze ushintsho kwezempesheni

BONISWA MOHALE

UMXAZULULI wezindaba zesikhwama sempesheni uNksz Muvhango Lukhaimane, uthi asikho isidingo sokuthi abantu balinde iminyaka ngaphambi kokuthi bakhokhelwe imali yabo.

Ezinyangeni ezintathu engene kulesi sikhundla, uNksz Lukhaimane usenciphise isikhathi esilindwayo uma kuthethwa amacala ezimpesheni, wasisusa onyakeni safika ezinyangeni eziyisithupha.

Abantu abeza ehhovisi lakhe yilabo akade besebenza kanti uthi zonke izinhlanga ziyafika, okusho ukuthi abantu banezinkinga ezicishe zifane ngezikhwama zempesheni.

Ugqugquzele abantu ukuba bafune ibhuku lamalungu elizobatshela ukuthi bazothola malini uma sebethatha umhlalaphansi, bathola malini ngonyaka futhi bagcwalise amafomu ashoyo ukuthi bangakhi abantu ababanakekelayo.

Phakathi kwezingqinamba abhekana nazo uma ezosiza abantu wukuthi abanye basuke bengenalo igama lesikhwama sempesheni, bangawaphathi ama-payslip azofakazela ukuthi baqale nini ukusebenzela inkampani ethile.

"Abantu bavamise ukusinikeza yonke imininingwane esiyifunayo kodwa inkinga kuba yizikhwama zempesheni ezingasheshi ukuphendula. Njengoba bekusithatha unyaka ukuxazulula udaba, bekwenziwa wukuthi izikhwama zempesheni azisebenzisani kahle nathi futhi azisheshi ukusiphendula," kuchaza uNksz Lukhaimane.

Uthe ufika ehhovisi ngo-7.45 athole amacala okumele bawaxazulule kusukela ngo-9 ekuseni kuze kube ngu-2 ntambama.

"Wonke amacala esiwatholayo siqala ukusebenza ngawo kusukela ngo-9 ekuseni kwazise siba nomhlangano ngo-9 kuze kube ngu-12. Ngisebenza ilanga lonke ngithathe ikhefu ngokuthi ngihambe ngikhuluma nabasebenzi ehhovisi, ngibabuza ngomsebenzi wethu. Ngibuye ngikhulume nezingcingo ngiphendule nama-e-mails. Ngihambele imihlangano ethinta imali, eyezindaba zabasebenzi nezobuchwepheshe. Ngifika ekhaya ngo-7 ebusuku ngipheke okungenani kathathu ngesonto kanti ngilala ngo-11.30 ebusuku," kusho uNksz Lukhaimane.

Khonamanjalo uNksz Lukhaimane uphoqe isikhwama sephesheni i-Momentum Retirement Annuity Fund ukuba sikhokhele umfelokazi imali yendodana yakhe. Lesi sikhwama besingafuni ukukhokhela uNkk BL Perry (77) u-R37 470.20 okwakumele awuthole yize kunguye kuphela obekumele ayithole le mali.

UNkk Perry wase-Beaufort West, e-Eastern Cape ubephoqwa ukuba azibhalise njengomuntu ophethe amafa endodana yakhe futhi lokho bekudinga ukuba ahambe aye ePitoli.

Ube esebikela ihhovisi likaNksz Lukhaimane elibone kungalungile ukuthi uNkk Perry agqigqiswe kangaka ekubeni kunguye okumele athole imali yendodana yakhe eyashiywa ngunkosikazi wase-Russia ngoba isigula.

Uthe abakwa-Momentum kumele bakhokhele uNkk Perry imali yakhe bayifake nenzalo ka-15.5% ngonyaka.

Ihhovisi lomxazululi wezimali zempesheni litholakala ngokuvakashela u-*www.pfa.org.za* noma ku-012 3461738.



**UMXAZULULI wezindaba zezimpesheni uNksz Muvhango Lukhaimane uthi asikho isidingo sokuthi abantu balinde isikhathi eside bengakhokhelwa imali yabo Isithombe:SITHUNYELWE**

*This material has been copied under a DALRO licence and is not for resale or retransmission.*